Inkanyiso, 24 December 1891

NEWSPAPER: Supplement to *Inkanyiso*
DATE: 24 December 1891, p5.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: ikafula, ikula

**Mgwaze Magwaza**

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

NKOSI yami,-Ake ungidedele ngipendulane no M. Magwaza.

Utini? Loku kukuluma kokuti 'ikafula' kufike nini ke? Ngityele. Kambe uma umlungu ebulele umuntu akutshiwo ukuti, 'umlungu ubulele umuntu, kutiwa 'ikafula' libulele umuntu na? Noma ikula kutiwa 'ikafula,' noma i Chinese kutiwa 'ikafula'? Kumbe ukuti 'umhedeni,' nokuti 'ihlahla,' nokuti 'umuntu oluhlaza' ukuti umbulali na? Ca! Ukuqoqana nje, kunjengokuti 'kafula.' Ngiyakuqabuka loku namhlanje. Ukuti igama loko, uti 'umbulali' kutiwa 'kafula'? Aku siZulu-ke, aku siLala, aku siBhaca, aku siNgisi, umqangimangele nje. Ikati elinohlupo litate inyama esitsheni, labaleka nayo. Umesisi womlungu walisasazela ngenja, yalisukela ikati inja; ikati layilahla pansi, yafika inja yayitata inyama, yabaleka nayo. Inkosikazi yomlungu yema nje yamangala. Yaba insini kimina, ngahleka, ngabuza ngati, 'wena be uyisasazelelani?' impendulo 'bengiti ayingisize.' Zimbi izilwane, ngoba azibazi abaninizo ngezinye izikati.

Ungangitukuteleli ngokunweba kakulu.

F. MAGWAZA.

Ladysmith, Dec. 1st, 1891.

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.